

# UKUSEKELA UKUFUNDA EKHAYA

Ngabe ikhaya lakho liyikhaya lokufunda? Ukukhuthaza ukufundela ukuzithokizisa, izingane kumele zichayeke ekufundeni ekhaya hhayi nje esikoleni.

Nawa amanye amasu angakusiza wenze ukufunda kube yingxenye yempilo yansuku zonke yomndeni wakho.

## Yenza ukufunda kube umkhuba

Thola indawo ethulile, kanye nesikhathi esifanele ingane yakho engasisebenzisela ukufunda. Lokhu kungaba ngemva kokuphuma kwesikole noma, ngaphambi nje kokulala.

## Ngizokufundela, uzongifundela

Zinike isikhathi sokufunda ngokuphimisela nezingane zakho.  Bayasijabulela lesi sikhathi esikhethekile nabazali. Abafowethu nodadewethu bangashintshana ngokufundelana ekhaya.

## Kanye akwanele!

Khuthaza izingane zakho ukuthi zifunde indaba eyintandokazi izikhathi ezingaphezu kwesisodwa. Lokhu kufunda ngokiphindaphindiwe kuzobenza bafunde ngokushesha nangokunembile. Ukufunda indaba ngokuphindaphindiwe kuvumela izingane ukuthi zithole izinto ezintsha ngendaba isikhathi ngasinye, lapho ziyifunda.

## Sekela umsebenzi wothisha


Abazali nothisha kudingeka basebenzisane ukuze basize izingane zikhule zibe abafundi abazethembayo. Uma uthisha ethumela ingane nencwadi ekhaya ukuba ifunde, zama ukulalela ingane yakho ifunda. Uthisha angase akucele ukuthi ugcwalise irekhodi lokufunda ukuze ulandele lokho ingane yakho ekufundile.

*Ingane yakho cishe izokujabulela ukufunda lapho izwa ukuthi unentshisekelo emisebenzini yayo yokufunda!*

**Ukusiza izingane ezinenkinga yokufunda.** Akuzona zonke izingane ezifunda ngejubane elifanayo. Yiba nesineke kubantwana bakho futhi ubakhuthaze ngangokukwenzeka.

Zama umdlalo olandelayo uma unezingane ezinenkinga yokufunda:
Yenza amakhadi omsindo ezinhlamvu

- Goqa bese uklebhula iphepha libe yizikwele ezincane.
- Bhala uhlamvu lwezinhlamvu kusikwele ngasinye esincane.




- Wendlala izingcezu zamaphepha, khomba izinhlamvu ezahlukene, cela izingane zakho ukuthi zisho imisindo, hhayi amagama ezinhlamvu.
- Cela izingane zakho ukuthi zakhe amagama ahlukene ngokusebenzisa izikwele zezinhlamvu. Lapho behlanganisa imisindo, kumele basho umsindo, bese befunda amagama.




- Ngokulandelayo, cela izingane zakho ukuthi zibhale lawa magama ephepheni.

## Ukuthola amathuba okufunda

Izingane kudingeka zizijwayeze ukufunda ekhaya nasesikolweni. Sebenzisa izinsiza zokufunda ezahlukene ezifana nomagazini, noma amahlaya; abangazifunda bebodwa.

Njengoba sifundisa izingane ukufunda ngokweseka umsebenzi wothisha, izingane ziba ngabafundi ngokwabo.

## Iba yilungu lomtapo wolwazi

Izinsiza zomtapo wolwazi zimahhala. Thatha ingane yakho iyojoyina umtapo wolwazi womphakathi. Lapho angathatha izincwadi azigcine amasonto amabili. Uhambo oluvamile lokuya emtatshweni wezincwadi lusiza izingane ukuba zibe nomkhuba wokufunda – lokhu kuyinto abangayijabulela ukuphila kwabo konke.

## Thola izinsiza zokufunda zamahhala efonini yakho

Kunezinsiza zokufunda zamahhala ongazithola esitolo sohlelo lokusebenza kufoni yakho. Sincoma lezi:

- I-African Storybook Reader (AsbReader)
- I-Book Dash (Ifaneleka kakhulu abafundi abancane)
- Kukhona namawebhusayithi lapho ungakwazi ukufinyelela izinsiza zokufunda zamahhala:
- Fundza Mobi www.live.fundza.mobi
- Nal'ibali www.nalibali.org (uzothola izincwadi zokufunda ngezilimi eziningi)
- NECT www.nect.org
- Igumbi lokufunda  www.roomtoread.org
- I-Global Digital Library www.digitallibrary.io

## Thengela izingane zakho izincwadi.

Lapho kungenzeka khona, thengela izingane zakho izincwadi njengesipho. Ngale ndlela, bazofunda ukuthi izincwadi ziwumthombo okethekile okufanele uqashwe.

Ukuze uthole amanye amathiphu okufunda, bheka izinsiza ezilandelayo:

- DBE: isiqondiso se ndlela abazali abangenza ngayo ukufunda kwezingane zabo kuphumelele https://www.education.gov.za/Informationfor/ParentsandGuardians.aspx
- Nal'ibali: ukwenza ukufunda nokuhala kube yingxenye yekhaya lakho. https://www.nalibali.org/news-blog/blog/making-literacy-part-your-home

- NECT: iseluleko kubazali ukuthi bangazisekela kanjani izingane zabo ngesikhathi se-Covid 19. https://sacoronavirus.co.za/2020/05/20/advice-to-parents-supporting-your-children-through-the-covid-19-lockdown/
- NECT: imihlahlandlela yokufunda nokusekelwa kwabazali ekuhlomiseni izingane zabo ukufunda. https://nect.org.za/materials/advice-to-parents
- Reading Rockets: Ukufunda 101 – umhlahlandlela wabazali. https://www.readingrockets.org/reading-101-guide-parents
- WCED: isiqondiso sabazali, masenze imfundo ibe ngcono ndawonye. Ingabe ingane yakho ifundile, yabhala futhi yaprakthiza izibalo namuhla? https://wcedonline.westerncape.gov.za/tips-parents/guide-parents


+27 12 752-6200

info@nect.org.za

Ground Floor, Block D, Lakefield Office Park,
272 West Avenue, Centurion, 0163

https://nect.org.za/